

UMKHOMBANDLELA WOLUNTU

YINI ISABELO SEZIMALI ?

Njalo ngonhlolanja, uNgqongqoshe wezezimali wethula izinhlelo zeminyaka emithathu elandelayo zesabelo sezimali, ukuqoqwa kwentela kanye nokwebolekwa kwemali ezimakethe zezimali kuleli naphesheya kwezilwandle. Ungqongqoshe uphinde achaze indlela okuhloswe ngayo ukusetshenziswa kwemali eyabelwe iminyango kahulumeni wesizwe, ohulumeni bezifundazwe kanye namantshontsho atholwa omasipala.



national treasury

Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

2



1. Ovela kungqongqoshe
2. Izinyathelo zokukhuphulisa umnotho
3. Ukuvikela eyezenhlakahle ekukwehleni
4. Imali yezenhlakahle

3



1. Ukwandisa kwamathuba emfundo
2. Uyithathaphi imali uhulumeni?
3. Izokwabiwa kanjani?
4. Uhulumeni ubanika njani omasipala imali?

4



1. Intelu ekhokhwa abasebenzayo
2. Intelu ye gwayi notshwala
3. Intelu ye shukela
4. Intelu kaphethiloli

UHULUMENI UZIMISELE UKWENZA UKUTHI UMNOTHO USIMAME

uHulumeni
uyaxoxisana
noosomabhizinisi
kanti futhi
uzobambisana
nabo ukutshala
izingqalasisinda,

Isabelo sezimali sika-2016 sikhombisa ukuzimisela kukaHulumeni ukuvala isikhala phakathi kwemali esetshenziswayo nemali uHulumeni ayiqoqayo kanye nokukhula komnotho ngezanga eliphezulu.

Njengoba uHulumeni ehlangabezana nezinsalelo eziningi, sizimisele ukubhekana ngqo nokuxhaphazwa kwemali yesabelo ukuze sikwazi ukufeza izinsiza zomphakathi nokukwandisa isabelo sezimali.

Sekuphele iminyaka eminingi kokukhula komnotho woNingizimu Afrika ngezanga eliphezulu ukugqunguzela amathuba emisebenzi, nokukhuthaza ukutshala kwezimali kanye nokuphungula kwengcindezi yezikweletu. Isimo sesivele saba sibi kakhulu kulezinyanga ezidlulile ngoba kulindeleke ukuthi umnotho uqhubeke ube buthakathaka. iRandi alinawo amandla uma liqhathaniswa namandla ezinye izimali emhlabeni kanti futhi osamabizini nabathengi baphelelwe

ithemba. Ukukhula komnotho bekungamaphesenti angu-1.3 ngo-2015. Kulindeleke ukuthi kwehlele kumaphesenti angu-0.9 ngo-2016 ngamphambi kokuqoqwa ngo-2017 kokukhula komnotho ngamaphesenti angu-1.7, bese kuthi ngo-2018 ukhule ngamaphesenti angu-2.4.

Uma umnotho ukhula kancane kangaka imali eqoqwayo ngentela nayo incane. Isikhala phakathi kwemali esetshenziswayo nemali uHulumeni ayiqoqayo ingamaphesenti angu-4.2 womkhinqizo wonyaka wonke ohlangene ka 2015/16. Nangoba imali esetshenziswayo engaphezu kwemali uHulumeni ayiqoqayo, uHulumeni ulondoloza izinsiza zomphakathi ngesikhathi sokuntengantenga kwezomnotho. Lokhu kwenza ukuthi isikweletu sikhule kakhulu.

Eminyakeni emithathu elandelayo uHulumeni uzokwehlisa ukusetshenziswa kwemali, uzokwandisa intela,

ukukhuthaza
ukuqalwa
kwamabhizinisi,
ukuphulisa
amakhono
nokukhuthaza
ukukhiqizwa
kwamandla kagesi

futhi nokuqashwa kwabasebenzi bakaHulumeni kuzobhekwa ngeliso elikhaliphile njengoba kungaphezulu kwezinye izisabelo zemali. Indlela yokufeza lokhu ukuthi uHulumeni ayehlise isabelo semali womholo ngamabhiliyoni angu-R10 ngonyaka ka 2017/18 kanye nangamabhiliyoni angu-R15 ngonyaka ka 2018/19. Kulindelwe ukuthi kuqoqwe amabhiliyoni angu-R48 kuleminyaka emithathu elandelayo nokuphucula

amasu okuqoqa intela. Nakuba uHulumeni ezokwehlisa ukusetshenziswa kwemali, ukukhula kwemali kuzoqhubeka ngokulinganisela. Imali yezenhlakahle izokhuselelwa nezinye izintsiza zomphakathi nezomnotho zizolondolozwa.

Isizwe sidinga umnotho okhulayo ukuze kufezeke izinsiza zomphakathi nokukwandisa isabelo sezimali. Ukuze lokhu kwenzeke kufanele osomabhizinisi babe nogqozi lokutshala izimali. uHulumeni uyaxoxisana noosomabhizinisi kanti futhi uzobambisana nabo ukutshala izingqalasisinda, ukukhuthaza ukuqalwa kwamabhizinisi, ukuphulisa amakhono nokukhuthaza ukukhiqizwa kwamandla kagesi. Lokhubambisana noosomabhizinisi, ukukhula kwesokuvakasha, ukwehla kweziteleka zabasebenzi nokukhula komnotho emhlabeni-jikelele kuzokweseka ukuthi umnotho wakuleli ngezanga eliphezulu kuleminyaka elandelayo ■



IZINYATHELO ZOKUKHUPHULISA UMNOTHO NGOKUSHESHA



UMYALEZO KANGQONGQOSHE

Bantu bakithi baseNingizimu Afrika, sithula isabelo sezimali sazi kahle ukuthi umphakathi ufuna ukwazi ukuthi sichitha kanjani imali eqoqwa ngentela nemali esiyibolekayo.

Lesi sabelo sezimali sethulwa ngesikhathi esinzima kumazwe wonke; isikathi lapho umnotho emhlabeni-jikelele ubuthakathaka kanti nabatshali bemali bayangabaza ukutshala emazweni asakhulayo. Lesisimo somhlaba nezinsalelo zethu zokunqamuka kwamandla kagesi nesomiso zibeka ikusasa lethu esimweni esinzima. Umnotho wethu awukhuli ngokwanele kanti futhi ushiya abaningi bangaphandle.

Umnotho okhulayo usinika imali eningi, ukuze siboleke ngaphansi, kudaleka amathuba emisebenzi, kwentsha kuthole amathuba kanti namabhizinisi amasha adlondlobale. Sizimisele ukusebenzisana noosomabhizinisi kanye nabasebenzi ukukhulisa umnotho, nokubuyisela isimo sezimali zesizwe esimweni esisimeme. Lokhu kudinga ukuthi sithathe izingqumo ezinzima.

Ngakho ke, uHulumeni unqume ukuqaphela ukuxhaphazwa kwemali yesabelo nokuthi okwenza kwezinye izinto kuyehliswe okwesikhashana. Kodwa ngeke siyeke ukufeza izidingo-ngqangi zomphakathi ikakhulukazi kulabo abampofu. Siphinde sifake imali eningi kwezemfundo ephakeme okuzokwenza ukuthi abaningi abampofu bakwazi ukungena emayunivesithi. Lokhu kuyisikhombisa esinye ukuzimisela kwethu ukuvikela ukusetshenziswa imali kwizidingo zomphakathi. Siyisizwe esinamandla ukubhekana nezimo ezinzima kanti futhi sizokwazi ukunqoba izinkinga zethu uma sibambisene ■

uHulumeni uzimisele ukuphakamisa izinga lokukhula komnotho kuleminyaka ezayo. Impumelelo izodinga ukweseka somabhizinisi, zabasebenzi kanye nomphakathi wonke baxhase iNational Development Plan. Nazi izinto esizoqashelwa.

Ukukhiqizwa kwamandla kagesi:

- Ukusweleka kwamandla kagezi umkhawuo kokukhula komnotho. Ngakho ke uHulumeni uzimisele ukwakha amasu okongeza amandla kagesi, nokwakha izingqalasizinda, ukuze kukhuthazwe ukutshalwa kwezimali nokudala amathuba emisebenzi. Eminyakeni emithathu ezayo uEskom uzotshala amabhiliyoni ang-R157 ukukhiqiza amandla kagesi.
- Ukwakhiwa kwezingqalasizinda kubalulekile ukwenza ugqozi lokutshalwa kwezimali, ukudala amathuba emisebenzi, nokukhulisa umnotho ngokushesha. Njengoba iNational Development Plan ichaza, isabelo sezimali sika-2016 sibeka phambili ukwakhiwa kwezingqalasizinda. Eminyakeni emithathu ezayo uHulumeni uzochitha amamiliyoni angu-R796 ekwakheni izindlu, imigwaqo, ezokuthutha umphakathi, nokuletha amanzi kanye namandla kagesi.
- Imali engangamabhiliyoni angu-R121.5 ibekelwe amanzi nokuthutha kwendle. UMyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle uzoqhubeka ukuthuthukisa nokulungisa izingqalasizinda zamanzi ukuxhuma imizi yabantu.

- Kuzobhekwa leyo mikhakha yezomnotho engadingi amandla kagesi kakhulu kanye naleyo edinga abasebenzi abaningi njengezokuvakasha, ukudweba olwandle, ezolimo nokukhiqiza ezolimo. uHulumeni uzohlansa asuse imithethonqubo evimbela ukukhula kule mikhakha.
- Imali izosetshenziswa ukukhuthaza ukukhula komnotho ngokugxila imali kwizenzo izenqonde ngo nomnotho.
- Kuzogxilwa ekuxhaseni oosomabhizinisi amancane.
- Amadolobha amakhulu azoguqulwa ukuthi abantu abacebile nabathola imali encane bahlale ndawonye ukwenzela ukuthi wonke umuntu abeseduze nezokuthutha nemisebenzi. Ukuze lokhu kwenzeka kuzoqhubeka kutshalwe imali ekwakhiweni nasekuthuthukisweni kwezingqalasizinda.

Ukuze umnotho ubuye ukhule kufuneka wonke umphakathi waseMzansi Afrika ubenethemba ekusaseni lezwe lethu. Kubalulekile ukuthi kutshalwe izimali ukuze kudalwe amathuba emisebenzi futhi kuvuswe nomnotho wezwe lethu. Oosomabhizinisi bangasese kufanele babambe iqhaza elikhule kulomkhankaso. uHulumeni uyazi ukuthi konke lobunzima kuzothatha isikhathi eside, yingakho okwamanje uHulumeni uzogxila kulokho okuzosiza ukhukhulisa umnotho nokudala amathuba emisebenzi ■

UKUVIKELA EYEZENHLAKAHLE EKUKWEHLENI KWEZINGA LAMANDLA EMALI

Imali yezenhlalakahle izonyuswa ngonyaka ka 2016/17 ngenxa yokwehla kwezinga lamandla emali.

Imali yezenhlalakahle izokongeza ukubhekela nokunyuka kwenani lalabo abozothola impesheni kanye nomxhaso wezingane.


Inani labantu abathola umxhaso wezenhlalakahle liyanyuka ngoba uHulumeni uthuthukise ukutholakala kwezempilo nezinye izinsiza eminyakeni odlule, ngakho ke abadala baphila isikhathi eside kanti futhi nezingane asisasheshi ukushona.

Ngonyaka ka 2016/17 impesheni yabadala izonyuka ngo-R90 kanti umxhaso wezingane uzonyuka ngo-R20 ■

IMALI YEZENHLALAKAHLE

2015/16	2016/17
EYEMPESHENI	
R1 415	R 1 505
EYABAMINYAKA ENGAPHEZU KUKA-75	
R1 435	R 1 525
EYAMASOSHA ASEMNKATSH'UBOMVU	
R1 435	R 1 525
EYABAKHUBAZEKILE	
R1 415	R 1 505
EYEZINTANDANE	
R860	R890
EYABADINGA UKUNAKEKELWA	
R1 415	R 1 505
EYOKONDLA IZINGANE	
R330	R350





UKWANDISWA KWAMATHUBA EMFUNDO EPHEZULU KANYE NOKUQEQQESHWA

uHulumeni uzoqikelela ukuthi kwandiswe amathuba emfundo ephezulu futhi kukuphuhlise amakhono adingekayo ukuthuthukisa ezomnotho nokugcwalisa imisebenzi ngokuhlizeka abafundi ngomxhaso wemali.

Isidingo semali kwezemfundo ephakeme kukhulise udaba lokubhikisa kwabafundi emayunivesi izwe lonke. UMongameli uZuma wazisa ukuthi imali ekhokhwa abafundi emayunivesi angeke ikhushulwe ngo 2016, maqed

wasungula iqembu lokubhekisa ukuthi izinselelo zemali zingaxazululwa kanjani. Ukungakhushulwa kwemali ekhokhwa abafundi emayunivesi ngo 2016 kukhokhelele ekuthini imali ibe ngaphansi kwemali elindelekile ngamabhiliyoni ang-R2.3. uHulumeni kanye namayunivesi bazohlanganyela ukukhokhela lemali.

Kusukela ngonyaka ka 1991 lapho yasungulwa khona, iNational Student Financial Aid Scheme isisize abafundi

abangu 1.5 miliyoni abampofu. Imali echithiwe ukuboleka abafundi kanye nemifundaze ibalelwa kumabhiliyone angu-R50 emanyuvesi namakholeji aqeqeshela abantu imisebenzi

iNational Student Financial Aid Scheme izosebenzisa amabhiliyoni angu-R32.1 kuleminyaka elandelayo. Imali elinganiselwa kumabhiliyone angu-R8 izoxhasa abafundi abantulayo abasha nalabo abaqhubekayo, kanti amabhiliyoni angu-R2.5

azosetshenziswa ukukhokhela izikweletu zabafundi abalinganiselwa ku-71 753 abangakwazanga ukuxhaswa ngemalimboleko phakathi kuka 2013 no 2015. Lemali itholakele ngokuthatha kwezinye izintlelo zikaHulumeni nakwezinye izinhlelo zokonga imali eMnyango kaHulumeni.

Izikhungu zemfundo ephakeme zizoxhaswa ngamabhiliyoni angu-R93.1 eminyakeni emithathu elandelayo. Ingxenye yalemali izobhekana nokwakha izingqalasisinda kanti enye izosiza izidingo zansuku zonke emanyuvesini amasha iMpumalanga ne Sol Plaatje.


i-National Skills Fund kanye nama-Sector Education and Training Authorities adlala indima enkulu ekuthuthukiseni amakhono nasekuqeqesheni. Izinhlelo zokuphuhlisa amakhono, nezokufunda usebenza kanye nokubambisana, namakholeji athuthukisa amakhono, amayunivesi kanye nezindawo eziqashayo zinika abafundi amathuba okuthola ulwazi lomsebenzi. Imali yentela yokuthuthukiswa kwamakhono idluliselwa kuma Sector Education and Training Authorities nakuNational Skills Fund izobalelwa kumabhiliyone angu-R22 ngonyaka ka 2018/19 ■

LA IMALI IPHUMAKHONA


Ingxenye enkulu echithwa uHulumeni iphuma kuNational Revenue Fund kanti futhi iqoqwa ngentela nangamalevi.

uHulumeni ubuye aboleke enye ingxenye kubatshali-zimali ukuze akwazi ukwakha izikolo, izibhedlela kanye nemigwaqo engcono. Njengoba ukukhula komnotho kuntenga-ntenga nje, kanti nokuqoqa intela kungaphansi kwengcindezi, uHulumeni uphoqekele

ukuboleka ngaphezulu kweminyaka edlule. Imali-mboleko inyuke ukusuka kumabhiliyoni angu-R673 ngonyaka ka 2009/10 ukufika kumatriliyoni angu-R1.8 kulo nyaka. uHulumeni wazi kahle ubungozi obuhambisana nokutshelwa kwemali nesikweletu esikhulayo. Kungakho iminyango kaHulumeni uqashiswa ukuthi isebenzise imali ngokuqeqeshela kanti futhi kuphungulwe incithakalo yemali ■



INTELA	2016/17	%
INTELA EKHOKHWA ABASEBENZAYO	441.0	37.5
EKHOKHWA IZINKAMPANI	198.3	16.9
INTELA YENTENGO (VAT)	301.3	25.6
EPHATHELENE NOHWEBO PHAKATHI KWAMAZWE	54.0	4.6
EKAPHETHILOMU	64.5	5.5
NOKUNYE	115.7	9.8
ISAMBA ESIHLANGENE	1 174.8	100.0



UHULUMENI UBANIKA NJANI OMASIPALA IMALI?

Omasipala babamba iqhaza elikhulu ekuqinisekiseni ukuthi abantu bahlala emadolobheni ahlanzekile anesithunzi.

Omasipala bahlinzeka umphakathi ngezidingo-ngqangi ezinje ngamanzi nokuthuthwakwandle, amandlakagesi, ukuthutha udoti, ukuqinisekisa ukuthi amanzi emvula ahamba ngokufanela, ukukhanyisa emigwaqweni nokuxhasa abampofu. uHulumeni ubekela

omasipala ingxenye engamaphesenti angu 9.1 emalini yesabelo. Omasipala bathola ingxenye encane yesabelo ngoba baqoqa imali ngokunika izidingo-ngqangi kanye nentela. Ingxenye enkulu ephuma kuHulumeni kazwe lonke edluliselwa koHulumeni basekhaya inikezwa omasipala abampofu nalabo abasemakhaya. Omasipala baphinde bathole imali ebekelwe imibandela ukubhekana nokwakha izingqalasisinda ■

